IBhayibheli LaBantwana
Likulethela



Udonga Olukhulu lukaNehemiya

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Jonathan Hay; Alastair P.

Ifanekiswe ngu: Mary-Anne S.

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children

www.M1914.org

©2023 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

IPheresiya, isizwe esinamandla, sasibusa umhlaba. Inkosi u-Aritahishashita yabusa ePheresiya. Lokho kwamenza waba umbusi onamandla kunabo bonke emhlabeni. Omunye wabasizi benkosi ababalulekile kwakuyindoda engumJuda uNehemiya. Umsebenzi wakhe kwakuwukunambitha ukudla kwenkosi ukuze avikele inkosi inga ngenwa ushevu.

Ngolunye usuku, uNehemiya weza phambi kwenkosi enobuso obudangele kakhulu. Inkosi yafuna ukwazi ukuthi konakelephi. "O nkosi, kwangathi ungaphila kuze kube phakade," kusho uNehemiya. "Ngiphatheke kabi ngoba umuzi okungcwatshwe kuwo obaba usuyincithakalo namasango ashisiwe." UNehemiya wayekhuluma ngeJerusalema, elalibhujiswe impi eminyakeni eminingi ngaphambili.

Inkosi u-Aritahishashita yabuza yathi, “Ungathandani na?” “Ngivumele ngiye eJerusalema ukuze ngilakhe kabusha,” kunxusa uNehemiya. INkosi u-Aritahishashita yavuma ngomusa. Waphinde wanikeza uNehemiya izincwadi ezisemthethweni ukuze amvikele ehambweni lakhe.

Inkosi yasiza nakakhulu. Yanikeza uNehemiya incwadi ka-Asafa, umgcini wamahlathi enkosi. U-Asafa wayalwa ukuba akhiphe izingodo ezilingana nesicelo sika Nehemiya ukuba akhe izindonga zomuzi.



Lapho uNehemiya efika eJerusalema, waqoqa izikhulu zedolobha wathi, "Sisenkingeni lapha. Idolobha liyincithakalo namasango ashile. Asiqale ukwakha kabusha." Wabatshela ukuthi iNkosi u-Aritahishashita yayiyamukele futhi, okubaluleke kunakho konke, uNkulunkulu wayesohlangothini lwabo.

Kumelwe ukuba ukholo lukaNehemiya nomdlandla wakhe kwabakhuthaza abantu. Bavumelana, bathi: "Asakhe kabusha." UNehemiya watshela umndeni ngamunye ukuthi iyiphi ingxenye yodonga okufanele uyilungise.



Kodwa, akubona bonke abavumayo ukwakha kabusha udonga. Indoda igama layo linguSanibhalati, nabangane bayo ababili uThobiya noGeshemu, babengewona amaJuda futhi babengafuni

ukuba udonga lwakhiwe kabusha noma kulungiswe amasango.

Njengoba umsebenzi uqhubeka, uSanibhalati wathukuthela kakhulu. Yena nabangane bakhe bahlekisa ngamaJuda. UThobiya wathi, "Lapho sebeqedile ukwakha lolodonga oluncane, impungushe eyodwa izowubhidliza." UNehemiya akazange aphendule.

Kunalokho,

wathandazela ukuba uNkulunkulu abhekane nabo.

Lapho ukuhlambalaza kwabo kungenamphumela, bakha icebo lokulwa neJerusalema futhi babangele inkathazo enkulu ngangokunokwenzeka. UNehemiya waphinde wathandazela usizo lukaNkulunkulu. Wabeka nonogada ubusuku nemini ukuze bangathuswa.



AmaJuda asebenza kanzima, ayekhathala. Abanye base besaba ukuthi isitha sizofika sibabulale ngesikhathi besebenza. Noma kunjalo, uNehemiya akazange awumise umsebenzi. Wabeka abalindi eduze kwezisebenzi futhi wabakhumbuza ukuthi uNkulunkulu ungakubo futhi uNkulunkulu unamandla kunanoma yisiphi isitha!



UNehemiya wazama ukuba yisibonelo esihle.

Inkosi u-Aritahishashita yayimmisile ukuba abe umbusi waseJerusalema enegunya lokuphoqa abantu ukudla nemali, kodwa akakwenzanga lokho.

Wavele wasebenza kanzima ehambisana nabantu njengoba besakha kabusha udonga. Wasebenzisa eyakhe imali ukuthenga ukudla.

Ekugcineni, abantu baqeda udonga, kwadingeka kufakwe iminyango emasangweni amakhulu kuphela. Lapho uSanebalathi, uThobiya kanye noGeshemu bezwa ukuthi kwakungasekho sikhala ezindongeni, bahlela ukulimaza uNehemiya.

Bathumela imiyalezo kuNehemiya ukuba abahlangabeze endaweni ebizwa ngokuthi i-Ono. Kodwa uNehemiya wayazi ukuthi babezama ukumkhipha edolobheni ukuze bamlimaze. Wababhalela ebatshela ukuthi ngeke awushiye umsebenzi ayovakasha nabo.

Ekugcineni udonga lwaqedwa,



futhi uNehemiya wabeka onogada ukuba baluvikele.

Waphinde washaya umthetho wokuthi amasango angavulwa kuze kuphume



ilanga. Kwakufanele avalwe ubusuku bonke futhi avinjwe.

Manje njengoba umuzi wawuphephile, amaJuda amaningi ayedingisiwe ayevela ezingxenyeni ezihlukahlukene zomhlaba abuyela eJerusalema.

Kumele ukuba uNehemiya wajabula kakhulu ngokuthi wayesewuqedile umsebenzi uNkulunkulu ayemnike wona, naphezu kwazo zonke izithiyo. Wasala eJerusalema esiza abantu ukuthi balalele uNkulunkulu njalo.

Udonga Olukhulu lukaNehemiya

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

UNehemiya

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130


Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16